
UThobile wayehlonipha futhi enomusa. Umalumekazi wakhe wamthengela izicathulo ezintsha ezibomvu.





UThobile wayezithanda izicathulo zakhe ezintsha. Wayeze alale nazo!

Ngobunye ubusuku, uThobile waba nephupho elixakile.

Waphupha izicathulo zakhe ezintsha zikhuluma.






Izicathulo zazikhonondela ukuthi uThobile uzigqoka ubusuku nemini.

“Asiphumuli futhi siyakudinga lokho,” kusho izicathulo ezibomvu.

Ngokushesha izicathulo zikaThobile eziluhlaza nazo zaqala ukukhuluma!

"UThobile usikhohliwe. Uthanda kakhulu izicathulo zakhe ezintsha ezibomvu," kusho izicathulo ngosizi.





UThobile akalalanga kahle ngalobo busuku.

Wathi uma evuka, wakhumbula iphupho lakhe.

Waphatheka kabi uma ebona ukuthi izicathulo zakhe zazingajabulile.

UThobile wacabangisisa.

"Ngizoninika isikhathi sokuphumula," kusho uThobile ezicathulweni zakhe ezintsha ezibomvu.






“Nani ngizoqala ukunigqoka futhi,” kusho uThobile ezicathulweni zakhe ezindala eziluhlaza.

UThobile wasifeza isithembiso sakhe.

Ngosuku olulandelayo, uThobile waya ezitolo. Wafaka izicathulo zakhe ezindala eziluhlaza.





Ngosuku olulandela lolo, uThobile wavakashela ugogo wakhe. Wafaka izicathulo zakhe ezintsha ezibomvu.

Kusukela lapho, uThobile walala kahle. Wayengasenawo amaphupho axakile.

Wayejabulile ukuthi isu lakhe lezicathulo laphumelela!

